

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESI-3 (P3)

JUNI 2022

IBANGA LE-12

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-6

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40

ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngaYINYE isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Usuku Olwaletha Injabulo Empilweni Yami. **[50]**
 - 1.2 Umndeni Onenjabulo Uyisisekelo Somphakathi Ophumelelayo. **[50]**
 - 1.3 Ngasizwa Ukubaleka Kakhulu. **[50]**
 - 1.4 Ubuhle Nobubi Bokufunda *Online*. **[50]**
 - 1.5 Yini Engenziwa Ukuvikela Abesifazane Nezingane Emphakathini Yethu? **[50]**
 - 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.
- 1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.2 Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



[Sicashunwe ku-[wwwgoogle.com](http://www.google.com)]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-[wwwgoogle.com](http://www.google.com)]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: [50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umkhulu wakho uthole iziqu zokuba ngunjiniyela abezifunda ngasese (part time) ngoba akalitholanga ithuba lokufunda esemncane.

Bhalela umkhulu wakho **incwadi yokuncoma** ngalesi senzo esiyisibonelo esihle.

[30]**2.2 UMBIKO**

Buka isithombe esilandelayo bese **ubhala umbiko** ozowunika umphathi sitheshi samaphoyisa.

**[30]****2.3 UMLANDO NGOMUFI**

Izikhukhula zikaMbasa sezidlule nomalume wakho obumkhonzile. Umalumekazi wakho ukucele ukuba umulekele abhale umlando ngomalume.

Bhala **umlando ngomufi**.

[30]**2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Uthisha wenu wesiZulu wenzelwe umcimbi wokuvaleliswa njengoba esegcina ukufundisa. Abafundi bacele ukuthi wethule inkulumo.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula emcimbini wokuvaleliswa kukathisha wenu..

[30]**AMAMAKI ESISODWA B: 30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IKHADI LESIMEMO

Bhala **ikhadi lesimemo** usebenzise isithombe esilandelayo.

**[20]****3.2 IDAYARI**

Njalo ngonyaka kunomncintiswano womjaho wamabhayisikili webanga lama-21 km obanjelwa eKapa. Kulo nyaka nawe ufuna ukuwungenela lo mncintiswano.

Bhala **idayari** yezinsuku ezintathu ngozokwenza ngaphambi kokuya kulo mncintiswano ozoba mhla ziyi-17 Septhemba 2022.

[20]**3.3 UMYALELO**

Bhala **iresiphi** yesiphuzo sezithelo ezigayiwe (fruit smoothy)

[20]**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
AMAMAKI ESEWONKE: 100